

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES  
MCHUNU ENKONZWENI YESIKHUMBUZO OPHONGOLO NGOLWESINE  
MHLAKA 09 JUNE 2011**

Mphathi wohlelo;

Inkosi yaKwaNtshangase;

IMeya yoMkhandlu wasoPhongolo;

Amakhansela akhona;

Abefundisi;

Izisebenzi zeminyango ziholwa iNhloko yezokuThutha uMnuz. uHlabisa;

Abemboni yezokuthutha umphakathi;

Ngokukhethekile ngibingelele imindeni engosingaye lapha;

Bese ngibingelela umphakathi wonke;

Ngithi sanibonani.

Okokuqala nje ngithanda ukuxolisa emindenini ethintekile ngalesi sehlakalo, ukuthi nakuba inhloso yokuza kwethu lapha kungukududuza abalahlekelwe kodwa kumele sisebenzise leli thuba ukukhuluma nomphakathi ngale ndaba yezingozi zomgwaqo esezisifakela amahloni kulesi fundazwe.

NjengoMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal jikelele sisamangele ukuthi sekwenze njani futhi manje njengoba le nkondo yesikhumbuzo sekungeyesithathu siyenza amasonto elandelana.

Siqale eNgwelezane eMpangeni lapho kushone khona abantu abahlanu abebeqhamuka eMnambithi emcimbini wamalobolo (Umembeso).

NgoLwesine olwedlule besilaphaya eThekwini lapho abafundi abayisithupha bezikhungo zemfundo ezintathu beshone engozini yemoto ngezintathakusa okuthiwa bebephuma enjabulweni ndawana thizeni.

Ngamanye amazwi, sibona imicimbi yenjabulo iphetha ngosizi nezinyembezi. Ngibalula lezi zehlakalo ngoba yizona ezibe nezinhlekelele okufa abantu abahlanu kuya phezulu. Kodwa iqiniso lithi usuku nosuku abantu bakithi bayaqhubeka nokufa emigwaqeni yethu nakuba uHulumeni enza konke acabanga ukuthi kufanele ukuze kugwemeke lokhu.

Ngakho-ke izimo ezinjengalezi zenza sihlale sizibuza ukuthi ngempela kanti kwakhala nyonini emigwaqeni yethu. Zenza sizibuze ukuthi kanti yini okumele yenziwe futhi yenziwe ngubani? Siyazibuza ukuthi kungani sithi singuHulumeni sizama ngokusemandleni ukuletha impilo engcono kubantu basemakhaya ngentuthuko, kodwa kujike kuchitheke izimali nesikhathi ngenkathi sesibhekene nomphumela wezingozi zomgwaqo iningi lazo ezenziwa ngamabomu ngabantu abangafuni ukulalela.

Awucabange nje ngemali engaphezulu kuka-R56 billion echitheka ngezingozi zomgwaqo minyaka yonke ezweni lethu. Yingakanani intuthuko yengqalasizinda engenziwa ngale mali?

Abantu bakithi bahlula ngisho singuHulumeni sesibe nemikhankaso eminingi ebaqwashisa ngokuphepha emgwaqeni. Kule mikhankaso kuphinda kusetshenziswe zona izimali kuchitheke nesikhathi esiningi kuncengwa abantu ukuba baziphathe kahle emgwaqeni. Kodwa phezu kwako konke lokho sisahambela izinkonzo zalolu hlobo.

Sikhuluma nje, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ube nengqugquthela yezokuphepha ngoMarch walo nyaka esithi i-Road Safety Summit. Le summit ibiyinxenye yezinhlelo zokuxoxisana ezisiza uMnyango nezinhlaka osebenzisana nazo ukuba sibhekane kangcono nezinsalelo emigwaqeni yethu, ikakhulukazi lezo ezibeka ukuphepha kwethu enkingeni.

Phakathi kwezinqumo ezithathwe kule summit kuthiwe:

- Intsha kumele ihambe phambili ekushintsheni indlela yokuziphatha uma ishayela;
- Imithetho kumele iqiniswe njengoba izephula-mthetho zithola izijeziso ezincane;
- UHulumeni kumele abheke ukusungulwa kwezinkantolo zamacala omgwaqo ukuze izaphulamthetho kuzobhekwanana nazo ngokukhulu ukushesha;
- Ngesikhathi uMnyango udweba imigwaqo namabhiliji kumele ubeke ezokuphepha phambili. Ukwenza izibonelo, kumele kube nezimpawu ezigqamile, imigqa egqamile, amabhampi okuvimba ijubane, nezingcingo ezibiye umgwaqo;
- Kumele kuqiniswe izifundo kwezokuphepha kanye nemikhankaso yezokuphepha emgwaqeni emiphakathini;
- Kumele kube nokusbenzisana kwezigaba zikahulumeni kuzo zonke izinhlelo;
- Ukuhlonishwa nokuqeqeshwa kwamaphoyisa omgwaqo;
- Ukulawula ngomthetho izikhungo zokufundela ukushayela;
- Ukuqhamuka nohlelo oluphusile lokuphepha kwabahamba ngezinyawo emgwaqeni.

Iyasikhathaza kakhulu into evezwa ucwaningo lwethu ukuthi abantu abafa emigwaqeni yezwe lethu iningi labo yintsha eneminyaka ephakathi kuka-18 no-35 ubudala. Akekho umuntu esithi uyena ofanelwe ngukufa emgwaqeni, kodwa ngimangele nje ukuthola ukuthi nalapha umuntu omdala kunabo bonke ubeno-35 kuthi omncane abe no-23 iminyaka yobudala.

Imvamisa abantu abakule minyaka ngabantu abanegalelo emnothweni wezwe. Kuba ngabantu abafundele imisebenzi abasanda kuthola iziqu nemisebenzi emihle. Abanye basuke besanda kungena emshadweni besenezingane ezincane.

Manje esikushoyo-ke lapha kunina njengomphakathi ngukuthi kuzomele sisukume ngamunye ngamunye sibambe iqhaza ekunqandeni izingozi emgwaqeni. Sithi izingozi azizenzekeli kodwa ziyenziwa.

Mangiphinde ngizwakalise ukuxolisa emindenini kodwa ngigcizelele ukuthi izehlakalo ezinjengalezi yizo okudinga sifunde kuzona. NoMhlonishwa uNgqongqoshe wezokuThutha kuzwelonke uDkt Sbu Ndebele uhlale ethi “abaphilayo yibona abavala amehlo abangasekho bese kuthi abangasekho bavule amehlo abasaphilayo”.

Siyabonga kakhulu nokho ukuthola ithuba lokuba kesiphefumule nathi singuMnyango wezokuThutha noHulumeni wesifundazwe esimweni esibuhlungu kangaka esinehlele. Siyabonga ukuba nivume ukuba sihlele le nkonzo yesikhumbuzo sentsha yakithi esishiye kabuhlungu kanje.

Siyazi ukuthi sikwenza lokhu njengosiko lwethu eMnyangweni nakuHulumeni ukuba silekelele abantu bakithi uma besabhekene nesikhathi esinzima kanjena. Kodwa okusempeleni awekho amagama nempahla okungavala isikhala somuntu ekhaya. Siyazi futhi ukuthi amalungu emindenini esizowaduduzisa yiwona asenkingeni enkulu ngoba kuwona kufana nokuthi kuxebuke inyama.

Nakuba kunzima kodwa mangithathe leli thuba ngithi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sifisa ukududuzisa imindenini yalaba:

Name and Surname	Age
1. Nokuthula Norah Ndlovu	23 yrs
2. Dumisani Mkhize	33 yrs
3. Mzikayise Moses Thikazi	30 yrs
4. Sipho James Thwala	35 yrs
5. Phefeni Thokozani Skhosana	29 yrs

6. Dumisani Sibiya	35 yrs
7. Sandile Ntshangase	34 yrs

Ngenxa yobuqili babantu lapha ngaphandle, uMnyango usuwathatha isinqumo sokulekelela abantu bakithi abadinga ukunxeshezela yisikhwama sezingozi i-Road Accident Fund (RAF) uma kuvele izinhlekelele ezinjengalena. Lokhu kwenziwa mahhala ngabasebenzi boMnyango.

Ngakho-ke sinxusa umphakathi wakithi ukuba uqaphele abantu asebhenduke amaqe abasebenzisa usizi lwabantu ukuzicebisa bona.

NjengoHulumeni kungumsebenzi wethu ukuhlale singasohlangothini lwalabo abangakwazi ukuzisiza.

**Ngiyabonga**